



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NOVEMBA 2019**

**AMAMAKI: 120**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayi-14.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINE:

ISIQEPHU A: Isifundo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B: Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C: Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi (kuhlolwa ngokwesimo)	(40)
ISIQEPHU D: Imibhalo	(40)
2. Phendula YONKE imibuzo.
3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Dweba emva KWESIQEPHU NGASINYE.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
6. Yeqa umugqa emva kwaleyo naleyo mpendulo.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Hlela isikhathi kanje:

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50	
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-20	
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40	
ISIQEPHU D: Imizuzu engama-40	
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1**

1.1 Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A: OFUNDWAYO**

<b>IMPILO IYASHINTSHA</b>		
1	<p>Ukuba ngangazi ngangingeke ngivume ukushada naye. Manje konke kungihambela kabi empilweni. Ngilapha nje emashidini amhlophe ukungalaleli abazali bami, bengixwayisa ngalo muntu engagcina nginikele impilo yami kuye. Bonke abantu engilele nabo bayavakashelwa, mina angibonwa muntu. Angaziwa nokuthi ngilapha esibhedlela.</p>	5
2	<p>Konke kwaqala ngisafunda ibanga le-12 esikoleni <b>esimba eqolo</b>. Abazali bami babengenzela konke engikufunayo. Mina ngangihanjiswa umshayeli owayeqashelwe ukuba angihambise aphinde angilande esikoleni. Abazali bami babesebenza kude nasekhaya, ngakho babengabuyi njalo ekhaya. Babebuya uma kuyimpelasonto kuphela. Mina nezingane zasekhaya sasihlala nomama owayeqashelwe ukusigada anakekele nezidingo zethu. Ngesizathu sokuthi abazali babephila impilo ematasa, babengenaso isikhathi sokuhlala balalele izinkinga esiba nazo. Kulesi sikole engangifunda kuso ngangiba namacala, ngxixoshwe esikoleni kuthiwe angibuye nomzali. Ngangivele ngizibuyele nalo mama osigadayo, afike azenze umama ongizalayo, kukhulunywe bese kuthiwa angibuyele esikoleni. Ngaphila leyo mpilo abazali bengazi kwaze kwabe ngiyaliphasa ibanga le-12.</p>	10 15 20
3	<p>Umfana engathandana naye ngisafunda kulesi sikole, saqhubeka sathandana naye saze saya enyuvesi. Sesisenyuvesi waqala washintsha wadla izidakamizwa. Wagcina esezidayisa. Ngathi ngizama ukuhlukana naye, wangitshela ukuthi uzongibulala, ngaqhubeka naye. Wangiphoqa (forced) ukuba ngiphume ekhaya ngiyohlala naye efulethini edolobheni. Nami ngaqala ngadla izidakamizwa njengaye. Ekhaya abazali bami basebengifune bakhathala, ngingasalubambi ucingo lwabo. Babengikhipha ngisho ohlelweni lukamabonakude okuthiwa i-Khumbul'ekhaya oluhlanganisa izihlobo ezadukelana/ezalahlekelana.</p>	25 30
4	<p>Kuthe ngelinye ilanga isoka lami langitshela ukuthi ngakusasa siyoshada enkantolo (Home Affairs) ukuze kushintshe isibongo sami. Nangempela savuka saya enkantolo, safike sashadiswa. Indlela ayengiphethe ngayo lo mfana ngasengiphenduke isigqila sakhe, ngishaywa njalo. Wayebuye adayise ngami kubangani bakhe uma engenayo imali, benze abakuthandayo ngami bamkhokhele. Njengoba ngilapha nje esibhedlela ngishaywe nguye. Odokotela banginqume ingalo kanti futhi angisenalo elinye iso/ihlo. Yena akakaze azongibona nakanye lapha esibhedlela.</p>	35

5	Ngilapha nje nga lethwa omakhelwane basefulethini engangihlala kulo. Angazi ukuthi uma ngiphuma lapha ngizoyaphi ngoba ekhaya angiboni ukuthi bayongemukela uma senginje.	40
[Umbhalo Wokuziqambela]		

- 1.1.1 Ubani oxoxa le ndaba? (1)
- 1.1.2 Ubani owayehambisa aphinde alande umxoxi esikoleni? (1)
- 1.1.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe. **Ukumba eqolo** kuchaza:
- A Ukubiza kakhulu kwento ngokwenani.
- B Ukubiza kancane kwento.
- C Ukubaluleka kwento.
- D Ukungabaluleki kwento. (1)
- 1.1.4 Ibizwa ngani indawo egcina abantu abagulayo abazokwelashwa? (1)
- 1.1.5 Bhala OKUBILI okushiwo endabeni okufakazela ukuthi umxoxi wayezalwa abazali abanemali. (2)
- 1.1.6 Abanjani abantu abamenyezelwa ohlelweni lukamabonakude i-Khumbul'ekhaya? (2)
- 1.1.7 Ngokwendaba bagcina sebefana kanjani umxoxi nesoka lakhe? (2)
- 1.1.8 Chaza ukuthi isoka lo mxoxi lalenzenjani uma seliphelelwe imali. (2)
- 1.1.9 Ubizwa ngokuthini ngesiZulu umnyango kahulumeni ophathelene nezincwadi zomshado? (2)
- 1.1.10 Nikeza isizathu ESISODWA esenza ukuthi umxoxi wendaba esabe ukubuyela kubazali bakhe uma ephuma esibhedlela. (2)
- 1.1.11 Bhala isifundo osithole kule ndaba. Bhekisa empilweni yomxoxi nesimo azithola esekuso manje. (2)
- 1.1.12 Ngabe IQINISO noma AKULONA IQINISO ukuthi umxoxi wendaba waziphumela kubo wayohlala nesoka lakhe? Sekela. (2)
- 1.1.13 Omakhelwane babalulekile empilweni. Sekela lesi sitatimende ngokwenzeke endabeni. (2)
- 1.1.14 Ngokucabanga kwakho isiphi isizathu esenza ukuba isoka lomxoxi liveze isu lokuthi bayoshada enkantolo emva kokuba esekhishwe nakumabonakude? (2)

1.2 Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO B: OBUKWAYO**



[Isithombe sicashunwe: [cartoonsstork.com](http://cartoonsstork.com)]

- 1.2.1 Bangaki abantu abaxoxayo esithombeni? (1)
- 1.2.2 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe. Laba bantu bahleli:
- A Ematsheni
  - B Otshanini
  - C Ecansini
  - D Embhedeni
- (1)
- 1.2.3 Ucabanga ukuthi laba bantu benza msebenzi muni? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.2.4 Kungani omunye walaba bantu egqoke isigqoko? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2**

Funda le ndaba emayelana NEZINDLEKO ZOKUFUYA INJA EKHAYA bese uyifingqa ngamaphuzu.

**IMIYALELO**

1. Bhala amaphuzu ayisi-7 ngemisho ephelele.
2. Amagama awangeqi/angedluli kwangama-50.
3. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
4. Bhala iphuzu/umusho emgqeni omusha.
5. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UMBHALO C: OFUNDWAYO****IZINDLEKO (EXPENSES) ZOKUFUYA INJA EKHAYA**

Kuhle ukufuyainja kepha kunezinsalelo eziningi. Ukudla kwenja kuyabiza ezitolo. Ngakho-ke kumele ube nemali eyanele ukuze ukwazi ukuyipha ukudla okunempilo.

Imithi yokugezainja nayo iyabiza kepha kuyaphoqa ukuba ithengwe. Kungenjaloinja ingavele ibe namazenze kumbe iqothuke uboya, igcine seyenyanyeka.

Amapulasitiki kadoti awabekwa phansi ebaleni uma kukhonainja ngoba iyawahlephula, ingcolise iyadi. Ngakho-ke imali iyadingeka ukuze kuthengwe izinsimbi eziphakeme zokubeka udoti ukuzeinja ingakwazi ukuwufinyelela kalula kuwo.

Inja iyaphuma ekhaya ihambe iyokwenza umonakalo komakhelwane uma kungabiyiwe. Umuntu ofuyeinja ufanele ukuba abiye ekhaya ukuzeinja ingaphumeli ngaphandle, yenze amacala komakhelwane. Ukubiya-ke kuyabiza, kudinga imali eningi.

Inja idinga ukuyiswa kodokotela ngezikhathi ezithile ukuze ivikelwe ezifweni ezithile eziyingozi. Nakho lokhu kudinga imali ngoba phela odokotela bezinja bayabiza. Umuntu ofuyeinja kumele abe nayo imali yokukhokhela odokotela.

Izinja zanamuhla zidinga ukwakhelwa izindlu ezizolala kuzo. Azifani nezakudala ezazibonela zona ukuthi zilala kuphi uma izulu lina. Imali yokwakha indlu yenja kumele abe nayo umnikazi.

Ngeke wayilahla noma kanjaniinja uma ungasayifuni. Kudingeka ihanjiswe, iyiswe kwa-SPCA. Lapho kulindeleke ukuthi ufike ukhokhe. Konke lokhu kuyizindleko ezibhekana nomuntu ofuyeinja.

[Umbhalo wokuziqambela]

**ISIQEPHU C: NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI (KUHLOLWA NGOKWESIMO)****UMBUZO 3**

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO D: OFUNDWAYO*****ZIBONELE GAME RESERVE*****WOZA UZOZIBONELA IZILWANE EZEHLUKAHLUKENE NOBUHLE BEMVELO**

Sitholakala eduze nedamu **eHluhluwe Dam**  
30 Mayibuye Drive  
Hluhluwe

Inombolo yocingo: (035)8196082

I-website : [www.zibonelegamereserve.com](http://www.zibonelegamereserve.com)

Izikhathi : Ekuseni ngehora lesi-7, kuvalwe ngehora lesi-7 ntambama

Izinsuku : UMsombuluko kuze kube yiSonto

**YEHLUKE NGANI KWEZINYE IZINDAWO?**

- Kunezilwane ezinhlobonhlobo.
- Ugibela imoto yakhona, ubuke izilwane uze udele.
- Ukuphepha kuqinisekiwe.
- Indawo yokudlela isezingeni eliphezulu.
- Kukhona umdanso wesintu nokunye okuningi.



Imali yokungena: **Abancane:** R50,00 **Abadala:** R100,00

Izingane ezingaphansi kweminyaka emithathu azivumelekile

[Umbhalo wokuziqambela]

3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi esingenhla? (1)

3.2 Bhala OKUBILI kokubhalwe esikhangisweni okungakuheha ukuthi uvakashele le ndawo. (2)

3.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:

Indawo yokudlela **esezingeni eliphezulu** kuchaza ukuthi indawo ...

- A esesimweni esihle.
- B esegunjini eliphansi.
- C esesimweni esimbi.
- D esendaweni engcolile. (1)

3.4 Bhala umusho osesikhangisweni oveza ukuthi le ndawo ayinabo ubungozi. (2)

3.5 Zinamthelela muni izithombe kulesi sikhangisi? (2)

3.6 Ngokucabanga kwakho kungani umusho othi 'Izingane ezineminyaka emithathu azivumelekile' ubhalwe ngamagama amancane? (2)  
[10]

#### UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

#### UMBHALO E: OFUNDWAYO NOBUKWAYO



[Isithombe sicashunwe ku-[www.amalungelo.co.za](http://www.amalungelo.co.za)]

4.1 Khipha igama eliveza ubumnini/ubunikazi kule nkulumo yomzukulu kagogo. (1)

4.2 Tomula igama elikhombisa ukubala kule nkulumo yomzukulu bese wakha umusho ngalo. (2)

4.3 Yakha ibizonto (igama lento) ngegama elithi 'emholweni'. (2)



- 4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe. Ukuthatha **i-gap year** kusho ...
- A ukungawuqedi unyaka esikoleni.
  - B ukuzihlalela ekhaya ungaphinde uye esikoleni.
  - C ukuyeka ukufunda isikhathi esingangonyaka bese ubuyela ngolandelayo.
  - D ukuqhubeka nokufunda uze uqede izifundo zakho. (1)
- 4.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe. 'Hhayi wasiyala uHulumeni ngala malungelo'. La mazwi aveza umuzwa:
- A Wokubalisa
  - B Wokujabula
  - C Wokwaneliseka
  - D Wokuthokoza (1)
- 4.6 Tomula amazwi/igama/amagama anencazelo yokuphika enkulumeni yomzukululu. (1)
- 4.7 Ngokucabanga kwakho sikhona yini isidingo sokuthi abafundi bathathe i-gap year? (2)  
[10]

**UMBUZO 5**

- 5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO F: OFUNDWAYO**

UMxolisi wathi efika nje kubo umama wakhe wabe emcela u-**R3 000** ngoba wayesesebenza esikoleni sendawo. Kwakuthuleke cwaka sengathi akukho muntu. Indlu yakubo yabe inamakamelo amane nje vo. Yamane **yawuhlaba inhlali** nje indodana yakhe. Wayesacabanga kanti umama wakhe useqala ukudinwa. Phela kwabe zingama-30 enyangeni ka-January kanti yena uholo 5 mhla ziyi-15 enyangeni njengoba enguthisha nje. Wezwa ngomama wakhe esethetha, ubona nje ukuthi **ucasuke** kakhulu. Waqhubeka **wacabanga** ukuthi yena uswele ngisho imali yokuthenga amasokisi, wonke anawo amhleleka ngabafundi. Ubona ngamazambane nje ukuthi konakele akanamali nhlobo. Yiyona-ke into emenza afise nokumane aphume ekhaya ayoqasha. 10  
**Lempilo** ayiphila nonina isimenze waze wancipha emzimbeni.

[Umbhalo wokuziqambela]

- 5.1.1 Bhala inani le mali R3 000 ngesiZulu esifanele. (1)
- 5.1.2 Khipha igama elinencazelo yokuthi kwakungekho ngisho omncane umsindo (isenzukuthi) kulo musho olandelayo:
- Kwakuthuleke cwaka sengathi akukho muntu. (1)


- 5.1.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe. Yamane **yawuhlaba inhlali** kusho:
- A Ukukhuluma kakhulu.
  - B Ukukhuluma into engapheli.
  - C Ukuthula ungasho lutho.
  - D Ukukhuluma achaze kahle. (1)
- 5.1.4 Bhala lo musho olandelayo ube sebuningini.
- Wathi efika nje kubo umama wakhe, wabe emcela u-R3 000,00. (2)
- 5.1.5 Khipha igama elihlanganisa imisho kulona olandelayo:
- Wayesacabanga kanti umama wakhe useqala ukudinwa. (1)
- 5.1.6 Guqula isenzo 'wacabanga' ngokujobelela u(-el-/-ela) ukuze kuvele isenzo esikwesinye isimo (impambosi). (1)
- 5.1.7 Guqula lo musho olandelayo ube senkathini eyadlula:
- Uswele ngisho imali yokuthenga amasokisi. (2)
- 5.1.8 Sebenzisa igama elinomqondo ofanayo nelithi **ucasuke** emshweni ozakhele wona ukuze kuvele umqondo ofanayo. (2)
- 5.1.9 Phinda ubhale umusho olandelayo ulungise igama elibhalwe ngokugqamile :
- Lempilo** ayiphila nonina isimenze waze wancipha emzimbeni. (1)
- 5.1.10 Bhala umusho ngebizo elithathelwe kolunye ulimi (umfakela) elisetshenziswe esiqeshini esingenhla. (2)

**[14]**

5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO G: OBUKWAYO NOFUNDWAYO**

**(Sisembukisweni wonobuhle wezilwane. Ama-penguins awazibekile phansi nawo azotshikiza aveze ubuhle bombala wawo)**



[Isithombe sicashunwe ku-[www.googlepictures.com](http://www.googlepictures.com)]

- 5.2.1 Bhala ngesiZulu igama elithi 'shame' ngokomqondo ovezwe esithombeni. (1)
- 5.2.2 Bhala igama eliqondile ongalisebenzisa esikhundleni segama elithi 'siyababa' eliveza umqondo ocashile. (1)
- 5.2.3 Bhala OKUBILI okukhombisa ukuthi lezi zilwane ziyazazi ukuthi zinhle. (2)
- 5.2.4 Wawumayelana nani umbukiso walezi zilwane? (2)
- [20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**ISIQEPHU D: IMIBHALO**

- Kulesi siqephu, phendula YONKE imibuzo.
- Amamaki alesi siqephu esewonke angama-40.

**UMBUZO 6: ISILILO – Gugulethu B Mazibuko**

Phendula YOMIBILI imibuzo kule ncwadi.

**6.1 'KWATHI DWE' – Sphamandla Clement Mathaba**

Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

Ohlangothini lwabesimame kuhlezi uMaKhoza. Usemanzi te umjuluko. Uthuka izanya kuhle kwengane ebone utikoloshe. Sengathi inhliziyo izophuma ngomlomo. Kushwaqa izinwele. Iyasabisa le ndlu kaNdangala. Kuzwakala ubugunqunqu emsamo. UMaKhoza usehlahle amehlo. Ufuna ukubona ukuthi yini lena egunquza emsamo. Akaboni lutho, kodwa uyazizwela nje ukuthi inkulu indaba esemsamo. Umsamo uhenqwe ngendwangu emabala engwe enza kube lukhuni ukubona okwenzeka ngale kwayo.	5
Phambi kukaNdangala kunodengezi olushunqa izinyamazane. Uthe engena nje endlini uMaKhoza zabe zimhila. Ukuba uyingane engakaqini ukhakhayi bezizomshaya phansi. Azizwe eshiywa igazi uMaKhoza. Kubande kwamancane. Aphefumulele phezulu. Kuxhaphazele amathumbu <b>esengenwe amanzi emadolweni</b> . Acabange ukuphuma abaleke.	10
'Nkosikazi uMnguni, ungazinaki izinto eziningi ongahlangene nazo ngoba uzosuke ubone okungabonwa bese uyafa fi.'	15

- 6.1.1 Tomula igama elisho okufanayo naleli esiqeshini: **lwabesifazane**. (1)
- 6.1.2 Ngokwalesi siqeshana kungenzekani uma ingane ingena kule ndlu kaNdangala? (1)
- 6.1.3 Nikeza igama le ndawo lapho kwakhe khona uNdangala. (1)
- 6.1.4 Ngubani isibongo sendoda eyayisebenza noMnguni? (1)
- 6.1.5 Bhala izilwane EZIMBILI ezazithakwe nemithi kaNdangala ayinika uMaKhoza. (2)
- 6.1.6 Chaza kafishane ngamaphuzu AMABILI ukuthi uzokwenzani uMaKhoza kule ndawo. (2)
- 6.1.7 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo. **Ukungenwa amanzi emadolweni** kusho: (1)
- A Ukwesaba
- B Ukujabula
- C Ukuhleka
- D Ukuhamba

- 6.1.8 Ngubani igama lomlingiswa esimthola ekuqaleni kuze kuyofika ekupheleni kwale ndaba? (1)
- 6.1.9 Yaba namthelela muni empilweni yamadoda asendaweni yaseMacekane imithi kaNdangala? (2)
- 6.1.10 Chaza ukuthi yini eyenza uMnguni agcine evumile ukuya kwaNdangala. (2)
- 6.1.11 UmkaMnguni uvezwe njengonkosikazi ongenalo iqiniso. Fakazela lokhu ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 6.1.12 Uyavumelana yini nokuthi isenzo sikaNdangala sokusiza uMnguni sikhombisa ukungabi nalo iqiniso/ukungethembeki? Sekela. (2)
- 6.1.13 Ukuba wena wawunguMdletshe wawuyokwenzenjani uma uphoxwa/udelelwa unkosikazi kaMnguni ngaloluya hlobo? (2)

### KANYE

#### 6.2 'INJALO – KE IMPILO!' – Khanyisile Nokwazi Nkwanyana

Funda isiqephu esingenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

#### UMBHALO H

'Uyangethembisa Sipho ukuthi ngeke udlale ngami, uyowa uvuka nami?'  
'Ngiyakwethembisa sithandwa sami. Ngeke ngize ngikujikele. Uma ngithi ngiyakuthanda angisho ngoba ngidlala ngawe noma ngifuna ukufeza izinhloso zami ngawe. Ngisho ngoba ngiphethwe uthando olusuka ekujuleni kwenhliziyo yami. **Uthando olugubha amagagasi olwandle.**' 5

'Ayangijabulisa amazwi akho Mphemba. Anginika nethemba elikhulu.' Ngisho ngokukhulu ukwenama. Ngibheka nje nendlela angibuka ngayo. Akungatshazwa ukuthi usanganiswe uthando.

'Ngizimisele ngokukwenza unkosikazi wami Nontethelelo. Ngiyakwethembisa ukuthi ngeke uzisole ngokukhetha mina kuzo zonke izesheli zakho.' 10

'Ngikhumbula kahle nangesikhathi sesihlukana sengiya ekhaya, **kwakunovalolwalunganginike thuba.** Ngifika ekhaya sekuntambama impela, yize sisheshe saphuma esikoleni. Ngithi uma ngingena ekhishini ngikhangwe umama.'

- 6.2.1 Ufunda liphi ibanga uNontethelelo? (1)
- 6.2.2 Lenza msebenzi muni isoka lakhe? (1)

- 6.2.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
- (a) Ukuthi '**uthando olugubha amagagasi olwandle**', kuchaza ukuthi:
- A Umthanda njengolwandle.  
 B Uthando lukhulu kakhulu.  
 C Uthando lwakhe luncane.  
 D Bathanda ukudlala olwandle. (1)
- (b) Ukuthi '**kwakunovalu olwalunganginike thuba**', kuchaza:
- A Waba nesibindi.  
 B Wayehamba nesoka.  
 C Wayenovalu olukhulu.  
 D Kwakuthi akahlale. (1)
- 6.2.4 Bhala isithakazelo sakwaNtuli esisetshenziswe kulesi siqeshana. (2)
- 6.2.5 Ngamaphuzu AMABILI shono ukuthi umama kaNontethelelo wamesekela kanjani ukuze abe nesikhathi esanele sokufunda. (2)
- 6.2.6 Tomula amagama asesiqeshini afakazela ukuthi uthisha wayefuna ukumshada uNontethelelo? (2)
- 6.2.7 Wamkhohlisa wathini umama wakhe uNontethelelo ngosuku angabuyanga ngalo ekhaya? (2)
- 6.2.8 Ucabanga ukuthi sizathu sini esenza uSipho enze imoto yakhe ibe namawindi amnyama/adimile? (2)
- 6.2.9 Ngokwakho uthini umyalezo wale ndaba? (2)
- 6.2.10 IQINISO noma UMBONO ukuthi abathembekile othisha bamanje? Sekela ngokwenzeka endabeni. (2)
- 6.2.11 Ucabanga ukuthi yashintsha kanjani impilo kaNontethelelo emuva kokungaphumeleli ibanga leshumi nambili? (2)

**[40]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 40**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 120**